

**UMBIKO NQUBO WESABELO ZIMALI WOMNYANGO WEZEMPILO (IVOTI 7)**

**OTHULWE MHLA ZINGAMA-25 KUNDASA ONYAKENI WEZI-2011**

Somlomo

Ndunankulu ohloniphekile– Dkt Zweli Mkhize, Gubhela

Sihlalo weKomidi ebhekela ezeMpilo KwaZulu-Natali – Nks Zanele Ludidi

Malungu esiGungu esiPhezulu

Malungu ahloniphekile esiShayamthetho

Bantwana basendlunkulu

Zimeya, maKhansela kanye namaKhosi

Nhloko YoMnyango wezeMpilo– Dkt Sibongile Zungu

Ziphathimandla eziphezulu emnyangweni wezeMpilo

Basebenzi bemikhakha yonke kwezempilo esifundazweni

Mphakathi waKwaZulu-Natali

Zimenywa ezihloniphekile

Manene namanenekazi

Somlomo, izolo uNgqongqoshe kaZwelonke wezeMpilo, uDkt Aaron Motsoaledi, wethule uhlelo lukazwelonke lokulwisana nesifo sofuba (i-TB) olubandakanya isu

eleyame eMphakathini futhi wethula umshini omusha 'iGeneXpert' ohlolela isifo sofuba esibhedlela iPrince Mshiyeni Memorial. Lobu buchwepheshe buzonciphisa kakhulu isikhathi sokulinda imiphumela yesifo sofuba, iziguli zingayithola imiphumela esikhathini esingamahora amabili nje kunokulinda amasonto amane. Lo mshini ngomunye kwabayisihlanu kuphela bale nhlobo emihlabeni jikelele.

Uhambo lwakhe esiFundazweni lwalufanele njengoba mhla ziyi-24 Mashi wuSuku lweSifo soFuba eMhlabeni. Uhambo lwakhe lwaluyinkomba esobala lokuzinikela kwahulumeni ekuqedeni isifo sofuba kanye negciwane lesandulela ngculaza ezweni, luphinde futhi lugcizelele okwashiwo nguNdunankulu oHloniphekile lapho athi "Uma iNingizimu Afrika izofeza injongo yokuba "iNingizimu Afrika engenaso isifo sofuba, isandulela nculaza kanye nehlobo elihambisana nezifo, kumele iKwaZulu-Natali ihole leyo nguquko". Impela sisemzileni wokenzwa leyo nguquko.

INingizimu Afrika ingelinye lamazwe anomthwalo onzima mayelana nesifo sofuba emhlabeni jikelele futhi ibekwe njengezwe lesithathu. Izwe lethu lingelinye lamazwe ayi-22 anomthwalo onzima owenza cishe amaphesenti ayi-22 kwaso sonke isibalo sabanesifo sofuba emhlabeni wonkana. Ngo-2009, kwabikwa

ngabanesifo sofuba abacishe yizinkulungwane eziyi- 407,000, kuthi isibalo esicishe sibe ngamaphesenti angama-50 simele iKwaZulu Natali neMpumalanga Koloni. Isifundakantolo saseThekwini yisona sodwa nje esimele isibalo esiyizinkulungwane eziyi-45,000 (okungamaphesenti angama-35,1) sabanesifo sofuba. Somlomo, isibalo esiyi-100 ebantwini abayi-100 000 sabanesifo sikhomba ubhubhane.

Kumele sikuqaphele futhi ukuthi iKwaZulu-Natali inesilinganiso samaphesenti angama-73 sabanegciwane lesandulela ngculaza nesifo sofuba kanye kanye.

Esisebenzisana nabo kubandakanya abathathizinqumo, abakhandi bezinqubomigomo, abenzeli, abaxhasi, ohulumeni, abahola ngokwemibono, izinhlangano ezizimele zamaqembu ochwepheshe noma ezinkolo, imithombo yezindaba, umkhakha ozimele, imiphakathi kanye nabantu abazimele ngabodwana.

Malunga endlu nezimenywa ezihloniphekile:

Kulo nyaka sigubha ikhulunyaka labantu besifazane abangabagqugquzeli boguquko ukwenza ngcono izimpilo zabo, imiphakathi kanye nezezempilo.

Eminyakeni eyikhulu edlule, izinqubekela phambili eziningi zithuthukise ezezempilo kubantu besimame namatombazane. Izibonelo zibandakanya:

izinguquko emphakathini nakwezomthetho mayelana namacala ezocansi athinta amantombazane, ukutholaka kosizo ukukhipha isisu ngokuphephile, usizo lwamahhala ngaphambi kokubeletha, ukuhlinzeka usizo lwezempilo mahhala ezinganeni ezingaphansi kweminyaka eyi-6, ukuhlelela isifo somdlavuza kanye neminye imisebenzi yezezempilo eqinisekisa ukuthi abantu besifazane abaguli ngenxa yokuba abesifazane nje; kanye nenqubekela phambili eqeda imikhuba enobungozi njengokusebenzisa indluzula ngokocansi noma ngokobululi.

Sizwile ngomlingani wami uMhlonishwa uES Mchunu ukuthi amantombazane ayi-17 260 asafunda esikoleni akhulelwe ngo-2010 KwaZulu-Natali.

Somlomo, kuyadabukisa futhi ukuthola ukuthi KwaZulu amantombazane awayi esikoleni uma eya esikhathini. Lokhu kungenxa yokuthi amaphesenti angam-70% anakekelwa ngugogo noma umkhulu ophila ngesondlo esivela kuhululumeni. Kulesi sikhathi ngifisa ukudlulisa ukubonga kubaholi bethimba le- **Operation Sukuma Sakhe** eliholwa nguNdunakulu ohloniphekile uDkt Zweli Mkhize kanye neNhloko yoMnyango wezeMpilo, uDkt Sibongile Zungu, emasontweni ambalwa adlule, elihambise imisubelo, eSikoleni esiPhakeme Empilweni endaweni yakwaNongoma.

**Okuvelele kowezi-2010**

Impela owezi-2010 bekungunyaka wezinsalelo kwezempilo ezidalwe wuchungechunge lwezehlakalo. Kodwa bekungunyaka futhi lapho kuqiniswe kwasimamiswa ubudlelwane obubhekelele isikhathi esizayo obuyocina ngokuletha imiphumela engcono kwezezempilo emikhakheni embalwa emqoka njengezezempilo zomama, izingane nabesifazane, ukunqandwa kwegciwane lesandulela ngculaza iHIV; ukwenziwa ngcono kwezingabunjalo lokunakekela kanye nokubumba abasebenzi abathembekile kwezempilo abazinikele ekuhlinzekeni umsebenzi wokunakekela kwezempilo oseqopheleni eliphezulu kubantu kanye nabo abantu baKwaZulu-Natali.

Unyaka uqala ngodaba lokwethulwa kohlelo oluvuthayo obeluhlose ukuba lube selusoke abesilisa abangaphezu kwezi-200 000 lapho sifika kulesi sikhathi sonyaka. Uhlelo luthakaselwe kakhulu yilabo abathintekayo, ikakhulu abagcina amasiko nemikhuba – Abaholi beNdabuko. Uhlelo luphinde lwaveza uNgqongqoshe wezeMpilo, uDkt Aaron Motsoaledi kanye noNdunakulu wethu, uMhlonishwa uDkt Zweli Mkhize begqoka amajazi abo amhlophe, bezihlanganisa nebutho labasebenzi abanakekela ezempilo, bezibambeke mathupha kulo msebenzi.

Sikuthokozela kakhulu ukusekwa okuqhubekayo nguNdabezitha, iSilo samabandla, kanye naBantwana baseNdlunkulu kulolu hlelo njegoba kuvelile

eMkhosini woSelwa eNyokeni lapho abesilisa abayizi-5000 ababesokiwe baba yibutho Izichwe.

## **Bayede!**

Sizobika kabanzi ngalolu hlelo.

Owezi-2010 uphinde wakhombisa inqubekela phambili esimeme ekufezeni iziNhloso zokuThuthukisa ngeNkulungwanenyaka ezithinta ezempilo ikakhulukazi eziqondene nokushona kwezingane kanye nezezempilo zemidlezane – iziNhloso 4 no-5 ngokulandelana. KuNcwaba, sibambisene noNdunankulu kanye noNdlunkulu uThandi maNdlovu, sethule uChungechunge lweziNhlelo zezeMpilo zoMama nezingane zokuHlenga iMpilo lwezi-2014.

- Esizogxila kukho lapha ukwethula ubuchwepheshe obuhlenga impilo, ukuhambisa ngohlelo izinqubo zemidlezane nezinsana kanye nokwenza ngcono ukubikwa kwezimbangela ezithile zokushona nokuguliswa yizifo kwezinsana okuthintene nemidlezane.
- Sihlose futhi ukwenza kube lula ukufinyelela ezindaweni zokubelethisa eziphephile ngokusungula izikhungo zokubelethisa ezizohlinzeka usizo olunqngangi oluphuthumayo ezindaweni ezimqoka ezihleliwe.
- Njengoba kuphawuliwe nguNdunankulu ethula iNkulumo yesiFundazwe yoNyaka, silungiselele ukudala izikhundla ezinhlanu kwisifundakantolo

ngasinye lapho sizoqasha iNhloko yodokotela bokubelethisa, iNhloko yodokotela bezingane, uDokotela oyingcwepheshi ezifweni ezithile, uMbelethisi olulwazinzulu kwezokubelethisa kanye neNhloko yodokotela bemithi yokudikizisa imizwa, lokhu kuwumzamo wokuhlinzeka ubuholi kanye nokubuyisa ukusetshenziswa kwezinqubo esezivivinywe isikhathi eside kanye nokwenza ngcono umphumela emveni kokubeletha ngokuba izibhedlela nemitholampilo zikusingathe ngokucophelela.

Mayelana **nezingane ezineminyaka engaphansi kweminyaka** emihlanu; ngokuphazima kweso sesiqalise ukusebenza kweMigomoseleleko ngeGciwane leSandulela Ngculaza kanye nokuncelisa ingane njengenywe yezindlela eziningi zokungenelela ukuze izinsana zibe nekusasa eliqhakazile. Ukushona okungaphezu kwesigamu kwezingane ezingaphansi kweminyaka eyisihlanu kuxhumene nokungondleki noma ukuncelisa ibele okunganele. Uma ukuncelisa ibele kuphela kuqhathaniswa nokuncelisa ibele okuxutshwe nebhodlela, ukuncelisa ibele kukhombise ukuncipha kokhishwa yisis, izifo ezithathelana ngokuphefumula kanye nokuqhubuka kwesihlungu. Ukuncelisa ibele yisu elimqoka ekusindiseni ingane.

Somlomo, **isifo senkohlakalo, sokukhwabanisa kanye nokweba** sicekela phansi uhulumeni wethu wentando eningi kanye nenhloso yethu yempilo engcono

kuwonke wonke. Ngenxa yalokhu, akukho esingakuzamanga ukuqeda inkohlakalo lapho ivele khona futhi sizobe sibika ngemiphumela emihle esiyifezile maqondana nalokhu.

Somlomo, kuyintokozo enkulu kimi ukuba ngiphinde ngethule Isabelo zimali sethu sesithathu (iVoti 7) kowezi- 2011, onyakeni okulindelwe lukhulu lapho bonke abantu bezoyovota ngoNhlaba bayokhetha abazobamela ababathandayo ababeke amathemba namaphupho abo kubo mayelana nekusasa elingcono nezezempilo ezingcono. Izinkinga ezikhona zinkulu futhi uMnyango wezeMpilo KwaZulu Natali uyakuqonda ngokusobala okumele ukwenze ukuhlinzeka “ukunakekela kwezempilo okungcono ngohlelo izakhamizi eziningi zaseNingizimu Afrika zingafinyelela kulo, kuhlenganisa ukuqaliswa komshwalense wezempilo kazwelonke.” Umhlonishwa uNdunankulu, uDokotela Zweli Mkhize, useke wahlongoza ubukhulu bale nselelo. Enkulumweni yakhe yoNyaka wezi-2011 yeSifundazwe, wasazisa ukuthi; “Kubalulekile ukwamukela ukuthi isizinda somthwalo wezifo ezihlasela iNingizimu Afrika ugxile kulesi sifundazwe.”

Waqhubeka wazisa indlu ukuthi siyizwe elilwa nezifo ezine eziwubhubhane - izwe elilodwa, izifo ezine eziwubhubhane. Yilezi; igciwane lesandulela ngculaza,



ingculaza nesifo sofuba, izifo ezingathathelani ezihambisana nempilo  
esiyiphilayo ezinjengehayihayi (umfutho wegazi ophakeme), izifo zomdlavuzo  
nesifo sikashukela, ubuhlungu obungasheshe budlule kanye nobugebengu  
obunendluzula okuhlangene kakhulu nophuzo oludakayo nokusetshenziswa  
kwezidakamizwa eziyingozi, kanye nezifo ezigulisa izingane nokushona kwazo  
okuthintene nemidlezane. Njengomnyango, simzwile uKhabazela ngesikhathi  
ethi: **KUMELE KUBE YIKWAZULU NATALI OKUMELE ISEBENZE**

**NGOKUBAMBISANA UKUZE IYISE PHAMBILI ININGIZIMU AFRIKA.**

Somlomo, ngokukaNgqongqoshe kaZwelonke, uMnyango unikezwe umsebenzi  
wokuba uqinisekise ukuthi **'Kuba khona impilo ende nenempilo kuzo zonke  
izakhamuzi zaseNingizimu Afrika'**. Sesiqambe isu isu samisa izinhlelo zokwenza  
le nhloso ifezeke ngowezi- 2014/15. Sihlele lezi zinhlelo ezilandelayo;

- Iminyaka okulindeleke ukuba uyiphila yenziwe ngcono kakhulu ifinyelele  
ema-71 isuke lapho ikhona njengamanje kubantu besilisa eminyakeni  
engama-47,3 nabesifazane eminyakeni engama-51.
- Isibalo sokuqhathanisa ukushona kwezingane okuthintene nemidlezane  
siyi- 135 noma ngaphansi ezi-100 000 yezingane ezizalwa ziphila  
kunalokhu okukhona okwamane okungama-224,4 ezi-100 000 zezingane  
ezizalwa ziphila.

- Isibalo sokuqhathanisa sabangaphansi kweminyaka emi-5 sibe ama-37 enkulungwaneni kokwamanje okungama- 87.7 enkulungwaneni.
- Isilinganiso sokwelapha isifo sofuba esingamaphesenti angama-85 sisuka kwesamanje esigama 62 %, kanye
- nokutholakala kwamantiretroviral kufinyelele emaphesentini angama-90 abo bonke abantu abafanele ukuwathola kunawamanje angama- 74.

Malungu ahloniphekile, nizovumelana nathi ukuthi okuyinkinga enkulu kakhulu yigciwane lesandulela ngculaza nengculaza.

### **Igciwane lesandulela ngculaza nengculaza**

Somlomo, ngokwemiphumela yophenyo lwezi-2009 lwe-ANC ngegciwane lesandulela ngculaza, iKwaZulu Natali ihamba phambili ngabanegciwane lesandulela ngculaza ngamaphesenti angama-39,5%. Lesi siifundazwe futhi sinohlelo olusabalele lokulwa negciwane sandulela ngculaza nengculaza ezweni ngoba sinezindawo ezingama-386 eziqala ukufundisa nokunikezela ngama-antiretroviral ezakhiwe yizibhedlela ezingama-63 nemitholampilo engama 323. Ekupheleni kukaZibandlela ziyizi- 425, 936 iziguli ezazisebenzisa ama-antiretroviral. Kuleso samba, izingane ziyizi-38 522.

Ukwenza ukutholakala kwemishanguzo kube lula, sesinamaqembu angama-21 azulazula esifundazweni ukuqinisekisa ukuthi abafanele ukungenela izinhlelo zama ART, bayakwazi.

Zonke izibhedlela (u100%) kanye namaphesenti angama-75 ezikhungo zezempilo zomphakathi manje asehlinseka umshanguzo iPost Exposure Prophylaxis, kulabo abanukubezwe ngokocansi. Lena indlela eyodwa izwe elinabantu abahle elingayidingi, kodwa ngeke ukholwe, ngezi-2008/09 uma sekuhlanganisiwe ziyizi 10, 423 izigameko zokunukubezwa ngokocansi ezibikiwe ezikhungweni zezempilo zomphakathi, kwathi abayizi-3 604 banikezwa umshanguzo ARV iProphylaxis.

Siyathokoza ukusho ukuthi intengo yama-ARV seyehlile, kokunye yehle ngamaphesenti angama-50 futhi lokhu kusho ukuthi imali eningana izosetshenziselwa ukukhokhela eminye imisebenzi esezinhlelweni zokulwa negciwane lesandulela ngculaza nengculaza.

UMnyango wethu usabambebele ekutheni indlela yokubhekana nobhubhane encomekayo nenokuqhubeka yiyona enokungenelela okukhalimayo njengensika yalo. Siyakugcizelela ukuthi impumelelo yokungenelela okukhalimayo kuncike

kakhulu ekuzinikeleni komphakathi wonkana ekusizeni umuntu ashintshe ukuziphatha kwakhe okuwumthwalo kawonke wonke eNingizimu Afrika.

### **Ukuba nesifo sofuba/Igciwane lesandulela ngculaza kanye kanye**

Igciwane lesandulela ngculaza liyimbangela enkulu yokungaphumeleli ukugcina isifo sofuba silawuleka esimweni lapho izinga legciwane lesandulela ngculaza livele liphezulu njengesifundazwe sethu. Isifo sofuba siyimbangela enkulu yokushona kwabantu abaphila negciwane lesandulela ngculaza kanye nengculaza. IKwaZulu-Natali ithwala ubunzima bobhubhane besifo sofuba esidlondlobaliswa yigciwane lesandulela ngculaza

Ekulweni nezifo eziwubhubhane igciwane lesandulela ngculaza kanye nesifo sofuba, umnyango, ngokubambisana nabanye uqalise izinhlelo zeTB/HIV eziyingqikithi ekuvikeleni isifo sofuba negciwane lesandulela ngculaza. Lokhu kuhlangana kwezinhlelo zokulwa negciwane sandulela ngculaza nesifo sofuba okuyingxenye ebalulekile emkhankasweni weHCT kuzoqinisekisa ukuthi zonke iziguli ezinegciwane lesandulela ngculaza zizohlololwa isifo sofuba njengenjwayelo ukuze abantu abafanele basheshe bathole ukwelashwa.

Kuze kube yimanje; sesihlole abantu abayizi-1 260 648 sibahlolile isifo sofuba esifundazweni, amaphesenti angama- 90 eziguli ezinegciwane lesandulela ngculaza zihlolelwe isifo sofuba, iziguli ezinegciwane lesandulela ngculaza zanikezwa i-**Isoniazid Preventive Therapy (IPT)** ukuzivikela zingabe zisangenwa yisifo sofuba, iziguli eziyizi-23 126 zeziqaliswe nge-**IPT** kusukela kuMbaso wezi-2010 futhi sasungula umkhankaso oshubile ngoNhlolanja wokuhlolile isifo sofuba eThekwini.

Siphinde sihlizwe imisebenzi ye-ART ezikhungweni ezibhekela ukunakekela okuyisisekelo kwezempilo ukuqinisa ukuqaliswa kokuhlanganiswa kwezifo sofuba/nengculaza kwazise iziguli azisadluliselwa ezikhungweni eziseduze ukuze zithole usizo lwe-ART.

Abahlizwekile bosizo lwezempilo baqeqeshwe yiNhlangotho yokuThuthukisa ezobuChwepheshe ngokusingatha isifo sofuba kanye negciwane lesandulela ngculaza ndawonye futhi kunohlelo lokululekwa oluqhubekayo oluyi '**Pulsar Plus**' kuzo zonke izifundakantolo ukuqinisekisa ukuthi ukubhekelelwa kwezidingo zabantu kungokwezizingabunjalo.

Sekubonakale imiphumela emihle ngenxa yalokhu kukhuliswa kokuhlanganiswa kwiziguli ezikhungethwe yizo zombili lezi zifo ezithola usizo oluhlanganisa konke njengoba kugcizelelwe embikweni wokuba nesifo sofuba/igciwane lesandulela ngculaza kanye kanye. Ukuba nesifo sofuba nesandulela ngculaza kanye kanye kungamaphesenti angama-63 kulo ngxenye yokubika. Lokhu kuveza ukwehla kusuka kumaphesenti angama- 71 ezingxenye ezedlule.

Nokho, ukubikwa sekwedlule isikhathi nokufunwa kosizo lwezempilo kuseyinselelo futhi kulibazisa ukuqaliswa kwama-**ART** kakhulukazi kwiziguli eziphethwe yisifo sofuba/nesandulela ngculazi kanye kanye.

### **Ukuvikela ukutheleleka kwengane yigciwane lisuka kunina**

Somlomo, ingculaza isibe imbangela enkulu yokushona kwezingane okuthintene nemidlezane (iMTCT) eNingizimu Afrika futhi ukusuka kumama iya kumntwana yikona okudale ukutheleleka ngegciwane kwezingane okuningi.

Ukuvikela ukutheleleka ngegciwane kwezingane lisuka kunina sekube phambili ezinhlelweni zethu zokuvikela igciwane lesandulela ngculaza, kulandela ukuphumelela kulingwa ukusetshenziswa kwemishanguzo izidovudine neneviropine ephuzwa kanye. Loku kunikeza ithemba lendlela yokungenelela

elula, eshibhile yokunganciphisa ukutheleleka kwengane ngegciwane lisuka kumama.

Sifisa ukunxusa indlu ihlanganyele kanye nathi ekubongeni amadoda nabafezifane abathathe igxathu kulo mkhakha. Somlomo, sesizihlelele izinjongo zokunciphisa ukushona ezilawulwa yiziNhloso zokuThuthukisa zeNkulungwanenyaka futhi zamiselwe izifundakantolo ngasinye ukuba zizifeze.

Somlomo, ikhona inqubekela phambili futhi sinako esethembele kukho ukuthi izinga lokushona liqoguquka njengoba sibika ngokulandelayo esiphumelele kukho: Kwi-ANC abaqalayo ukuhlolola igciwane lesandulela ngculaza sasibheke amaphesenti angama-95 kodwa sathola amaphesenti angama-91,8, sasihlela ukuqalisa amaphesenti angama-90 kubo bonke abakhulelwe i-AZT ngonyaka wezi-2010 kodwa sathola amaphesenti ayi-100, sasethemba ukunikezela ngeNevarapine ezinganeni ezingamaphesenti angama- 80 ezizalwe ngonina abanegciwane lesandulela ngculaza kodwa sathola amaphesenti angama-85,5. Le nkomba ibheka izingane esinikezwe umshanguzo iNevarapine (NVP) emahoreni angama-72 emva kokuzalwa, ngakhoke akufinyelelwanga kumaphesenti angama-100 ngenxa yababeletha emakhaya baze beze ezikhungweni embeni kwamahora angama- 72.

Somlomo, isifundazwe sibheke ohlelweni olulawulwa ngabahlengikazi –uHlelo lwemishanguzo ama-Antiretrovirals oluqaliswa lusingathwe ngabahlengikazi(iNIMART). Kuso sonke isifundazwe, abahlengikazi belulekwa ngodokotela ngokuqalisa iziguli ngama-ARV.

Umnyango nawo usezinhlelweni zokuqala uhlelo lokufundisa ngeNIMART lapho labo bahlengikazi sebeyoqeqesha beluleke abahlengikazi abahlinzeka usizo lokunakekela oluyisisekelo. Sinenhlanhla yokuthi iningi labo ngababelethisi ngoba lokhu kuzokwandisa ukuthi sibe nabahlengikazi abanolwazi lokusebenza nabesifazane abakhulelwe abanegciwane lesandulela ngculaza.

Sibheke ukwenza kangcono ngoba onyakeni omusha wezimali sinehloso yokuqalisa uhlelo lwePMTCT umbhalo wohlelo lomyalezo omfushane (iSMS) kwizifundakantolo ezimibili, eThekwini (ePrince Mshiyeni nasemitholampilo exhumene nayo) kanye naseMgungundlovu (e-Edendale nasemitholampilo exhumene nayo) futhi siyethemba ukuthi lokhu kuzokwenza imiphumela ibe mihle kakhulu.

Manene namanenekazi, ukuvikela ukukhulelwa okungahlosiwe kubantu besifazane abaphila nesandulela ngculazi kuyinto ebalulekile kakhulu



ukunciphisa ukutheleleka kwezingane ngegiwane lesandulela ngculaza. Bonke abesifazane, ngale kokuthi banalo noma abanalo igciwane lesandulela ngculaza, bayaludinga usizo mayelana nezinto ezinta ukuhlela imindeni, lapho sebezimisele noma bethanda ukukwenza lokho. Ngokusiza abesifazane abaphila ngegiwane lesandulela ngculaza ukuthi bagweme ukukhulelwa noma balinde, ukufinyelela kwabo kulezi zinsiza kungenza izingane zingatheleleki ngegiwane lesandulela ngculaza.

#### **Umkhankaso wokwelulekwa ngegiwane sandulela ngculaza nokuhlolwa**

Lo mkhankaso wethulwa KwaZulu-Natali ngonyaka ophelile ngoNhlaba wezi-2010 kukhona uNgongqoshe wezezimali, uMhlonishwa, uPravin Gordhan, nePhini likaNgqongqoshe wezokuBbambisana namasiko uMhlonishwa uYunis Carrim kanye neningi lenu lapha endlini njengegxenye yeqhinga likaZwelonke lokulwa nokwanda kwegciwane lesandulela ngculaza kanye nengculaza.

Lo mkhankaso Somlomo, wawuyinkomba yokuthi uhulumeni wethu usesukile enqubeni yokuba umuntu azohlola ngokuthanda kwakhe, wayo kwehlinzeka iHCT kuzo zonke iziguli lapho zingena nje ohlelweni lwezempilo.

Lolu guquko lubeka umsebenzi konompilo ukuba achazele iziguli ngokubaluleka kokwazi ngesimo sakho segciwane lesandulela ngculaza kanye nokuhlolela igciwane lesandulela ngculaza njengengxenye yempilo yokugqugquzela wonke umuntu futhi yamukeleke.

Somlomo, manje siyazisa ukuthi phakathi **kukaMbaso noMasingana** wezi-2011 ziyi **1, 626,192** izakhamizi esezilulekiwe zahlolela igciwane lesandulela ngculaza futhi ziyi **1,260,648** esezivikelekile kwisifo sofuba. Loku kubeka isifundazwe kumaphesenti angama-79 ekufezeni injongo yeHCT emisiwe.

Ngokomoya wokudala amathuba emisebenzi, uhlelo lweHCT njengamanje seluqashe abantu abangaphezulu kwe-1900. Laba bantu bazuze ulwazi ngegciwane lesandulela ngculaza kanye nengculaza abangalusebenzisa ukufundisa imindeni yabo nababathandayo. Zonke izikhungo zomphakathi zezempilo zinikezela ngohlelo lweHCT njengengxenye yezinhlelo zezempilo eziyisikelo.

Emizamweni yethu yokuqinisa uhlelo lokuvikela igciwane lesandulela ngculaza sesikhulume noMnyango wezokuthutha, neziNkampani ezithutha impahla, neziNyonyana zamaTekisi. Lena indlela yokuhlela izakhiwo zeHCT

ezingomahambanendlwana emarenke amatekisi, yokusungula izindawo zokuma zezinqola ezinkulu ngokulandela indlela esetshenziswa eNdiya ebeka abashayeli bezinqola ezinkulu njengomgogodla womnotho wezwe. Kuhlangozwa ukuba abashayeli banikwe izindlu zokuphumula ezenziwe ukuthi bazizwe bengumndeni wamadoda ngokuba banikezwe izindlu ezinhle zokuphumula ohlelweni olugcizelela ukuphatheka kahle nokudla ngendlela edingekayo.

### **Uhlelo lokusoka**

Seluloku lwethuliwe nguNdabezitha ngoMbaso wezi-2010, ukuqaliswa kwalolu hlelo sekube nezithelo ezinhle kanye nokuluthakasela esiFundazweni sonkana. Zonke izifundakantolo KwaZulu-Natali beziqhuba uhlelo lokusoka ezibhedlela nasemakamini.

Sesihambe kakhulu sasiza ngalolu hlelo ezikhungweni zemfundo ephakeme nasemajele. eDurban University of Technology besinabafundi abayi-118, kwathi Ongoye saba nabafundi abayi-153 abalungenele. Kuze kube yimanje sekusokwe iziboshwa ezingama-450 esifundazweni.

Namhlanje sibika ngokuziqhenya ukuthi ekupheleni kukaMasingana wezi-2011 siphumelele ukusoka ababalelwa ezi-27500 kuhlenganisa izinsana ezingama- 22

ngale kokushona ngisho noyedwa wabasokwa. Lolu hlelo luyaqhubeka manje ngokuqokwa ngokushesha kwabaphatha bezamasiko abazolusingatha kubo bonke omasipala ngokukubonisana noMnyango wezamasiko.

### **Izindaba zabasenzi kwezeMpilo**

Malungu ahloniphekile; iSigaba se-195 [1h] soMthethosisekelo wethu siyasho ukuthi: *'Kumele kugqugquzelwe ukuphathwa kwezindaba zabasebenzi ngendlela kanjalo nezinqubo zokuthuthukisa umsebenzi, ukukhulisa okungenziwa ngabantu'.*

Iqiniso lithi umthwalo okhona wezifo ubeka ingcindezi enkulu ngokomzimba, kwezenhlalo, ngokomphefumulo kanye nangokwengqondo kubahlinzeki bokunakekelwa kwezokwelashwa komuntu ngqo nangokomsebenzi.

Umsebenzi owumgogodla weKolishi lokufundela ubuHlengikazi laKwaZulu-Natali wukuqeqesha kanye nokukhiqiza abahlengikazi abawaziyo umsebenzi wabo. Ngenkathi ukuqeqesha kuyindlela yokulwisana nobubha ngandlela thize kulabo abasanda kubuthwa, kuphinde kudale amathuba okukhushulelwa ezikhundleni eziphezulu kwezobuhlengikazi.

Isibalo sabafundi ababhalisile kuzo zonke izinhlelo emazingeni ehlukene siyizi-5255 kwathi abafundi abayizi-1933 baphothula izifundo. Kowezi-2011 sizama ukuqeqesha abasizi babaHlengikazi abangama-600 kanye noStafunesi abangama-600.

Selokhu kwaqaliswa uHlelo lokuSebenza uqeqeshwa eMphakathini kowezi-2008, abaHlengikazi abaqeqeshwe ngokugcwele abangama-1984 bafakwa eziBhedlela kanye naseMitholampilo yezeMpilo zoMphakathi nokuyinto efaka isandla ekunciphiseni izikhala ezingenamuntu kuBahlengikazi abaqeqeshwe ngokugcwele. Yonke imizamo iqondiswe ekufezeni iNhloso yokuThuthukisa ngeNkulungwanenyaka ye- 4 (Ukwehlisa ukushona kwezingane). Ukufeza lokhu, ubambiswano neNyuvesi yaKwaZulu Natali ohlelweni lokuBelethisa olulwazinzulu lweminyaka emibili luyaqhubeka.

Ngalo mzamo uMnyango usuthole abanye abaBelethisi abalulwazinzulu kwezokubelethisa abangama-55 ngoZibandlela kowezi-2010 nabanye abazoqeda ngoZibandlela kowezi-2011. Okuphuma eKholiji lokuFundela uBuhlengikazi lethu kuzoba ngama-50 ababelethisi abalulwazinzulu kwezokubelethisa ngonyaka.

Uhlelo lwethu lokwenza ngcono ukuNakekela ezeMpilo okuseQopheleni eliphezulu kanye nokuqinisekisa ukuthi siyazifeza nezinjongo ezibekiwe, njengoba kubaluliwe ohlelweni lwaMaphuzu ayiShumi, ukwenza ngcono izinga lobuholi kanye nokulawulwa. Kuyaziwa ukuthi isilinganiso sanoma yiluphi uhlelo lwezempilo luba nomthelela emiphumeleni yezempilo.

Izikhulu eziphezulu eziyi-12 zezibhedlela zethu zibhalisele iziQu zeMastazi kwezeMpilo yoMphakathi kanti sesikhiphe imifundaze engamarandi ayizigidi ezingama-36 kubafundi abangama-755, abangama-383 abangodokotela bakusasa abaqhamuka emiphakathini eyehlukene. Kumele sigcizelele ukuthi manje sesifake isibopho esiqinile sokubuyela emuva siyosebenzela umphakathi esivela kuwo. Ngihlale ngithi; ngeke sisakulalela ukukhalela ukuncipha kwabasebenzi bezempilo abaqeqeshiwe. Impendulo yami ihlala ithi: *Baphi abantwana bendawo?*

Siphinde siziqhenye ukumemezela ukuthi sinabasebenzi abangama-263 abasemazingeni amaphakathi abasebenza ukuqinisa abasebenzi abesekayo ezigabeni ezehlukene okufaka i-Occupational Therapy; Okokuzivocavoca kanjalo nabasiza emaKhemisi.

## **Uhlelo lokuQeqeqsha kwezoKwelapha lwase-Cuba**

Somlomo, siyaziqhenya ngenqubekela phambili efike noHulumeni wase-Cuba wokuthatha abafundi basezindaweni zasemakhaya ezweni lethu ubashintshe babe ngodokotela abaqeqeshiwe. Lolu hlelo luqhubeka kahle kanti nezinga lokuphumelela lilinganiselwa kumaphesenti angama-98. Iqembu lakamuva elivela KwaZulu-Natali linabafundi abayi-14 elaqala ngoMandulo kowezi-2010 kanye nabangama-20 abongeziwe abazothathwa kowezi-2011. Kuyasijabulisa ukuthi uMnyango kaZwelonke wezeMpilo ubonisana ngokwenyusa inani labafundi iNingizimu Afrika elibathumela e-Cuba ukuba bayofundela iziQu zezokwelapha.

Njengendlela yokunakekela labo bafundi abaqhamuka KwaZulu-Natali, kuthunyelwe okokubhala e-Cuba. Sesiqalise uhlelo lokusiza laba bafundi abakhethekile kanti sesingakwazi ukubika ukuthi amanyuvesi ayi-16 aseke avakashelwa ukuyokhulumisana nabo kanye nokubeseka. Ngaphezu kwalokho, umethuli ozinikele useqokiwe ukuba enze lo msebenzi. Kuze kube yimanje kunabafundi abangama-57 base-KZN abafunda eCuba.

## **Ubunjiniyela bobuChwepheshe bezeMpilo**

Somlomo, njengengxenywe yemizamo okuhloswe ngayo ukwenza ngcono iziNsizasebenza ngobuChwepheshe bezeMpilo sesinqume ukubalula, siphinde sibuthe abafundi abangama-93 ngohlelo oluhlongozwayo kuzo zonke iZifundazwe, abathunyelwa ukuba bayoqeqeshwa e-Tswane University ukuba bayofundela ubuNjinyela bobuChwepheshe bezeMpilo. Ngonyaka wezimali wezi-2010/ 11 kunabangama-23 abakhokhelelwa amarandi ayizi-660 000; kowezi-2011/12, kuzoba nabangama-30 abazokhokhelelwa amarandi ayisigidi esi-1.56 kanti kowezi- 2012/13 kuzoba nabangama-40 abakhokhelwela amarandi ayizigidi ezi-2. 76.

### **Ukudidiyelwa kweMisebenzi egxile eMiphakathini**

Somlomo, abaNakekela abantu eMphakathini phambilini babephethe yiziNhlango eziziMele kanti uMnyango wawunezivumelwano ezivuselelwa njalo ngonyaka. Isinqumo sathathwa ukuba kumiswe isivumelwano zingama-30 kuMandulo kowezi-2010 ngenxa yokukhathazeka koMcwaningimabhuku Jikelele kanye noMnyango wezeMpilo, ngezigaba ezibekiwe wathatha ukulawulwa kwezivumelwano waqala ngabaSebenzi bezeMpilo eMiphakathini. Isigaba sokuqala saqala ngokusayinwa kwama-CHW ayizi-4868 ezifundeni eziyi-11 kanti izikhundla zabo zashintsha babizwa ngaBanakekeli boMphakathi abathola imali eyenyukile engamarandi ayi-1500. Abaphathi babo babelwa imali



engamarandi ayizi-2000 ngenyanga. Iqembu lesibili labaNakekeli boMphakathi (aBanakekeli abagxile emakhaya) elinesivumelwano nama-NPO liyomiswa ngokusemthethweni ukusebenza zingama-31 kuNdasa kowezi-2011.

Somlomo, siphinde sanquma ukuklomelisa labo abanikele isikhathi sabo ngokukhuthala ukusiza abampofu nabagulayo ngokukhetha aBanakekeli boMphakathi abangama-245 nokubabhalisa eZifundweni zoBuhlengikazi zeminyaka emibili njengendlela yokubabonga ngokukhombisa uzwelo.

### **Amanxusa entsha kanye ne-EPWP**

UMnyango uphinde ube noHlelo lwaManxusa eNtsha olwakhelwe ukunika amandla kubantu abasha ngamakhono empilo ayisisekelo esiwanika esikhathini esiyizinyanga ezingama-24 (iminyaka emibili). Uma beqeda izifundo zokuqeqeshwa kokuqala bangasebenza lapho bethanda khona kuHulumeni.

### **Imisebenzi yokuHlenga eGxile eMphakathini**

Emizamweni yethu eqhubekayo ukusebenza namaklayenti ethu emazingeni omphakathi, sinamathimba abhekela imisebenzi yokuhlenga. Kunezikhungo ezimbili vo zokuhlenga (esisodwa eMgungundlovu nesinye ePhoenix), amathimba ethu, anabeluleki ngokwengqondo, abezokudla, osonhlalakahle, abasebenzi abagxile ekuhlengeni emphakathini (ama-CBR), ahlinzeka usizo

njalo ngesonto of note noma ngenyanga. Okuncomekayo ukusungulwa kwesikhungo sokuqeqesha abangaboni nababona kancane kwaMagaye eMgungundlovu. Abantu abayishumi nambili abangaboni kahle baqeqeshiwe ngamakhono ayisisekelo okuhlenga emphakathini (e-CBR) kanye nabantu abayishumi nanye abangaboni sebeqede ukuqeqeshelwa ukuHamba kanye noKwazi indawo. Sihlele ukukhomba izigceme ezingama-57, kowezi-2011/12, esizosebenza nawo ukuthuthukisa kanye nokuqinisa imisebenzi yokuhlenga emphakathini ( ye-CBR).

UMnyango uzinikele ekuvuleni amathuba emisebenzi kubaNtu abaPhila nokuKhubazeka futhi kunezivumelwano zamazinga emisebenzi nabasebenzi abangama-22 abahlenga emphakathini abakhubazekile eSifundazweni (babili kwisifundakantolo) asebethumele abaNtu abaPhila nokuKhubazeka (ama-PWDs) abangama-137 ukuze bathole usizo olunhlobonholgo nokweluleka ngokomqondo abalingani kanye nosizo kwabanye abangama-77. Inhloso ukwenyusa inani lalaba basebenzi nokwenza ngcono ukwenizwa kwemisebenzi kwiziFundakantolo. Onompilo bazothola ukuqeqeshwa ngokukhuluma ngezandla futhi bahambele izinkudla zokucobelana ulzwazi okuqwashisa ukwenza ngcono iqophela losizo olunikeza abantu abaphila nokukhubazeka (amaPWDs)

## **Imisebenzi ePhuthumayo yezoKwelapha**

INdebe yoMhlaba yeFIFA yowezi-2010 ehlabe umxhwele yafika yacijisa yenza ngcono ukuhlinzekwa kwemiSebenzi ePhuthumayo yezoKwelapha. Angiphinde Somlomo; ngicele ungivumele ukuba ngedlulise ukubonga kwethu kwabesilisa nabesifazane abenza lo msebenzi. Nenza saziqhenya ngesikhathi seNdebe yoMhlaba.

Ekulungiseleni iNdebe yoMhlaba yowezi-2010, kwakhiwa isiKhungo sokuLawula iZimo eziPhuthumayo nom iNdlu yokuPhatha yekhethelo ngoNhlaba ngonyaka owedlule eSibhedlela saseWentworth. Lesi sikhungo siqinisekisa ukuthi zonke izingcingo ezingena esikhungweni ziqoshwa phansi. Ukuhambisana nalesi sikhungo, umnyango ulungiselela ukuthenga uhlelo lokulandela indawo imoto ekuyo okuzosiza i-EMRS ukuba iqaphe ukuhamba kwawo wonke ama-ambulensi kanye nezimoto zezimo eziphuthumayo ukuze abalawuli bakwazi ukuthumela abaseduze kakhulu nendawo yengozi.

Lesi sikhungo sithenge ama-ambulensi ayi-125 ngeNdebe yoMhlaba yowezi-2010. Emva komncintiswano angama-113 (ikhulu neshumi nantathu) Abelwa izifundakantolo, afakwa esikhundleni salawo ayesephelelwe yisikhathi nalawo angenakukhandeka.

Ukubhekela ezezeMpilo zoMama kanye nokushona okuthintene nemidlezane ayi-12 (ishumi nambili) ayesele afakwa ezikhungweni zokubelethisa ukubhekelela ikakhulukazi abesifazane abakhulelwe nezinsana.

Somlomo, kulo nyaka wezimali, sizothenga amanye ama-ambulensi angama-274. Inhloso ngalawa ma-ambulensi ukuwafaka esikhundleni salawo asegugile kube kuphokophelelwe ukufeza izimiso zikaZwelonke. Ama-ambulensi amasha axubile ukubhekana nobunjalo bendawo kanye nengqalasizinda yemigwaqo esifundazweni.

Ukuhambisana nama-ambulensi engeziwe nokulandela izwi likaMongameli wethu lokudala amathuba emisebenzi nemisebenzi engcono, kunezinhlelo zokubutha abasebenzi beZimo eZiphuthumayo abangama-250. Ihhovisi lomqondisi lizobutha abahlengizimpilo abasezingeni elimaphakathi, oChwepheshe beZimo zokwelapha eZiphuthumayo kanye abahlengizimpilo ngokusezingeni eliphezulu ukuba basebenzise izinsizakusebenza ukuzuzisa imiphakathi. Lokhu kuhloswe ngakho ukwehlisa izikhathi zokufika esimweni esiphuthumayo kanye nokuwenyusa inani lama-ambulensi asebenzayo.

Sibuyekeza ukusebenza kwezithuthi ezihlelelwe iziguli futhi sizosungula 'izikhumulo' (Hubs) ezindaweni lapho kuvamise ukuthunyelwa iziguli ukubhekana nezinkinga zeziguli ezidukayo nokuqinisekisa ukuthi abantu abadala abasebenzisa izuthuthi banakiwe. Izikhumulo zizosungulwa Empangeni, eMgungundlovu kanye naseThekwini. Kuzoba neziphathimandla eziqokelwe ukulawula ukuhanjiswa kweziguli ukuqinisekisa ukuthi zonke iziguli kuyaziwa ukuthi zikuphi ngaso sonke isikhathi nokuthi ziyiswe emitholampilo eyiyo kanye noma ezikhungweni ngezikhathi ezidingeka ngazo nokuthi zigibele izimoto ezifanele lapho sezibuyiselwa emakhaya.

### **Izinhlelo zoLwazi ngezeMpilo**

Somlomo, ubuChwepheshe bolwazi nokuxhumana (ICTs) bungakwazi ukubhekana nezinye zezinselelo esibhekene nazo ekuhlinzekeni imisebenzi yokunakekela ngezempilo etholakala, engabizi kakhulu, neseqophelweni eliphezulu. Imithi ehanjiswa ngomoya isebenzisa ubucwepheshe bolwazi nokuxhumana ukumelana nezinkinga zomumo wezindawo, kanye nokunyusa ukufinyeleleka ekunakekelweni kwezezempilo. Lokhu kuyasiza ezindaweni zasemakhaya nasemiphakathini enganakiwe kanjalo nasemaqenjini angakwazi ukufinyelela ekunakekelweni kwezezempilo.

## **Ukuthuthukisa ingqalasizinda kanye nokweseka ezokwelapha**

Somlomo, uMnyango wethu uzimisele ukushintsha indlela yokusebenza yalolu phiko. Manje sesiqoke uMphathi Jikelele omusha wengqalasizinda, uMphathi weMisebenzi yokweseka ezokwelapha okungena ngaphansi kwalolu phiko, abaPhathi abathathu bemiSebenzi yokuVuselela izibhedlela, uMphathi wokuVuselela ubuCwepheshe kwezeMpilo kanye nabaSebenzi bezobuChwepheshe kwezeMpilo abangamashumi amabili abazoqeqeshwa amasonto amabili e-Tshwane University of Technology okulandelwa wukuqeqeshelwa endaweni yokusebenzela okuthatha amasonto ayisithupha.

Ikhono lokwazi ukwenza umsebenzi liyophinde likhuliswe ngamakhono okusebenza ayotholakala kwi-Development Bank of South Africa (i-DBSA). I-DBSA iyophinde idlale indima ebalulekile ekuhleleni kanye nasekwakheni isibhedlela esisha saseKing Edward.

Somlomo, uMnyango uyaqhubeka nokuhlangana nabo bonke abenzeli bawo abaqalisa ukusebenza kanye noMnyango wezeziMali weSifundazwe ngenhloso yokuxazulula izinselelo ezikhubaza ukwenziwa kwemisebenzi. INhloko yoMnyango isibeke imihlangano yanyangazonke neNhloko yoMnyango

wezeMisebenzi yoMphakathi lapho kuyodingidwa izinqinamba ezikhona ekwenzeni imisebenzi kanye nezindlela ezizosetshenziswa ukubhekana nazo.

Ngenxa yokukhula kweSabelo sokuVuselela iziBhedlela, uMnyango uzokhulisa imisebenzi yawo ohlelweni. Okunye okumele ufezwe kowezi-2010/11 yilokhu okulandelayo:

- **ISibhedlela esisha esinemibhede engama-400 kwisifundakantolo esisezingeni loku-1** sizokwakhiwa ngoNhlaba kowezi-2011. Lokhu kusho ukuthi yonke imisebenzi yesifundakantolo ebeyenziwa okwesikhashana yizikhungo ezehlukene kubandakanya isibhedlela sase-Wentworth isizobuyiselwa e-King George. Kowezi-2011/12 kuzoba yisiqalo sesigaba sokugcina sokwakha esizogxila eSakhiweni esisha sokwelapha iSifo soFuba kanye nokwenza ngcono imisebenzi yokwelapha abagula ngengqondo.

### **Izikhungo zezeMpilo zoMphakathi - CHC**

Somlomo, njengoba yonke imizamo ibhekiswe ekuqiniseni uhlelo oluyisisekelo lwezokunakekela, uMnyango uzokwakha iziKhungo zezeMpilo zoMphakathi (ama-CHC) ezintathu ezibiza izigidi zamarandi ezingama-R370.

- Lokhu kufaka i-St Chad's eMnambithi ezovulelwa umphakathi ngoNhlaba kowezi-2011; KwaMashu kanye nase-Turton ezizovulwa ngoNhlangulana nangoNtulikazi ngokulandelana.
- Sesisiqedile futhi neSigaba souku-1 sokuphucula umtholampilo waseGamalakhe ukuba ube sezingeni lesiKhungo sezeMpilo soMphakathi kanti isigaba sesibili njengamanje sisewumdwebo futhi sizozala ukwakhiwa ngoLwezi kowezi-2011.
- Ezinye izikhungo zezeMpilo zoMphakathi ezizozala ukwakhiwa ngasekupheleni kwalo nyaka wezimali kubalwa kuzo uMsinga; i-Dannhauser kanye noMzimkhulu.

#### **Izindlu zokugcina izidumbu/emakhazeni**

Somlomo, siyaziqhenya ukubika ukuthi sesiwuqede wonke umsebenzi omayelana nokwakhiwa kwezindlu zokugcina izidumbu eziphenya ngokufa eziningi kowezi-2010/11. Lokhu kufaka nalezi eziseMgungundlovu; eMtshezi, eMadadeni kanye nase-Park Rynie.

Izindlu zokugcina izidumbu ezisakhiwa kodwa okumele ziqedwe ukwakhiwa kowezi-2011/12 zise-Sayidi, eNyukhasela kanye naseMgungundlovana.



NgoNhlanguvana kulo nyaka sizophinde siqale ukwakha indlu yokugcina izidumbu entsha e-Phoenix, umsebenzi oyogcina ngokuxazulula izinselelo ezikhona zobukhulu bendlu dlini yokugcina izidumbu esemgwaqeni uMagwaza Maphalala.

Somlomo, kumele ngikuveze ukuthi lo msebenzi ube nobuhixihixi selokhu wedluliswa nguMnyango wamaPhoyisa eNingizimu Afrika kowezi-2006. NgoMbaso kowezi-2011, saba nempumelelo ekuxazululeni izindaba zamaholo eSifundazweni.

Njengoba ngike ngasho phambilini, uMnyango kulo nyaka uzoshintsha indlela yawo yokwenza ngcono **ukunakekela zonke izakhiwo zezempilo**. Uphiko lweNgqalasizinda eNhlokohhovisi luzodlala indima enkulu ekulawuleni isabelozimali kanye nezinhlelo zokunakekela izikhungo. AmaThimba okuNakekela kwiziFundakantolo ayosungulwa okuyovula amathuba amasha emisebenzi egcwele ebantwini abangama-400 abaqeqeshiwe nabangaqeqeshiwe.

**Imisebenzi yeziNdlu zoCwaningo lwezeMpilo kaZwelonke [National Health Laboratory Services (NHLS)] KANYE nemiSebenzi yeBhange leGazi likaZwelonke eNingizimu Afrika [South African Blood Bank Services (SANBS)]**

Somlomo, sixoxisene ngesivumelwano sokwenza imisebenzi nabeziNdlu zoCwaningo lwezeMpilo kaZwelonke (NHLS) kanjalo nabemisebenzi yeBhange leGazi likaZwelonke eNingizimu Afrika (SANBS).

Kuhle ukukhumbula ukuthi phambilini imisebenzi yezindlu zocwaningo yayingaphansi koMnyango wezeMpilo kodwa manje ngenxa yokubambisana siyakwazi ukubika inqubekela phambili kanye nempumelelo ikakhulukazi ekunciphiseni isikhathi esilindwayo nakuba kusenezinselelo mayelana nemali ekhokhwayo. Inqubekela phambili idalwe yilokhu okulandelayo:

- Ukuhlinzekwa kwezokuthuthi ukulanda iziboniselo/okuzohlolwa zeziguli emitholampilo.
- Ukuhlinzekwa kwamaPrinta e-SMS, okungubuchwepheshe obusha, okungukuthi uma ukuhlola sekwenziwe endlini yokucwaninga, imiphumelele ibe seyedluliselwa emitholampilo ngama-SMS; okungukuthi akumele onompilo balinde izithuthi ukuba zilethe imiphumela.
- Amakhompyutha ahlala ematafuleni ukuze kutholakale imiphumela yasezindlini zocwaningo

- Ubuchwepheshe besimanje osebuhlinzekwa emagcekeni ase-Afrika, okungukuthi umshini oyi-GeneXpert wokuhlola isifo sofuba owethulwe wuNgqongqoshe wethu kaZwelonke, uMhlonishwa uDkt Aaron Motsoaledi izolo esibhedlela i-Prince Mshiyeni Memorial. Lokhu kuhambisana ngqo nombono kaNdunankulu owavezwa eNkulumweni yeSifundazwe yoNyaka kowezi-2010 lapho athi: ” *Kuzogxilwa ekwelapheni isifo sofuba ukuze kuncishiswe ukusabalala kwaso, ukuqubuka kohlobo olungelapheki, ukunciphisa isilinganiso sabayeka imithi kanye nokwenza ngcono izinga lokwelashwa.*”

Somlomo, ngokuhlanganyela nabemisebenzi yesiKhungo sikaZwelonke seGazi eNingizimu Afrika (SANBS) sisohlelweni lokuqalisa iziGungu ezeNgamele ukuFakwa kweGazi eziBhedlela (ama-HTC's). Iqhaza elimqoka lalezi zigungu kuzoba wukuqapha kanye nokwenza ngcono ukusetshenziswa kwegazi. Siyophinde sithuthukise, siqalise ukusebenza futhi sigcine uhlelo oluqhubekayo lokuhlola izingabunjalo nokusebenza okufaka zonke izindawo nayo yonke imikhakah engaphakathi esibhedlela. Lokhu kuzocina kwenza ngcono imiphumela yokunakekelwa kwezempilo futhi kugxila ekuvikelweni kanye nasekuphenyeni izigigaba ezingezinhle.

## Ukwenza ngcono ezezimali zezempilo

Somlomo; uPhiko lwethu oluLawula uchungechunge lokwaba lube nempumelelo enkulu mayelana neSu lokuKhawuleza nakuba imiphumela iza kancane, okuningi okuyisendlalelo sekwenziwe. ISifundazwe ngokuhambisana nemiKhakha eMqoka yokuSebenza njengamanje sibambe iqhaza ezivumelwaneni eziyi-19 zamaThenda akwiRiphabhlikhi kanti sesiqalise ayisi-6 eSifundazwe.

Ukuqalisa ukusebenza ngezivumelwano ezilungile kudalule ukuncipha kwesabelozimali seziMpahla kanye neMisebenzi **sezigidi** ezingamarandi aziyi-100 kusukela kuZibandlela kunyaka wezimali wezi-2009/10 kuya kowezi-2010/2011, okube ngukonga okukhulu.

Kube nokwenyuka ekuqapheni kanye nasekuhloleni okugcine kwenza kwaba khona ukumiswa kanye nokuchithwa kwezivumelwano ezingasebenzi ngendlela eMkhakheni wezoMphakathi. Umnyango awuzoqhubeka nokusebenzisana nabahlinzeki bemisebenzi abangekho emthethweni. Kunomkhankaso ngokusebenzisa izivumelwano ukuqinisekisa ukuthi uMnyango uthola okufanele ngemali yawo kanjalo nezinqubo zokuthola abazowenzela imisebenzi zihambisane nalokhu.

UMnyango usubambisene noMnyango wezeziMali eSifundazweni ukubhekana nezindaba ezimayelana nokulawulwa kwezimpahla kanti kulindeleke ukuba lolu bambiswano luzoqinisekisa ukuthi Isu lokuHlolwa kwaMabhuku eziMali okuMsulwa kuyofezeka ngonyaka wezimali wezi-2014.

Ekuqondeni ubudlelwane obunamandla phakathi kobumpofu kanye nezempilo ezinhle, umnyango usuqalise inqubo yokuthenga izitshalo namaqanda kwimifelandawonye ekhokhelwa wuMnyango wezoLimo neziNdaba zezeMvelo, ngenhloso yokuqinisa izinhlelo zokuthuthukisa abamnyama kwezomnotho/iBEE nezokusimamisa amabhinizini amancane/iSMME.

UMnyango usuqalile ukuthenga izingubo zemibhede yasesibhedlela kwimifelandawonye ekhokhelwa wuMnyango wokuThuthukisa ezoMnotho. Imisebenzi enjengokuhlaza izakhiwo, izingadi kanye nezinkundla iyokwenziwa yimiphakathi yakuleyo ndawo, ngokuhambisana nezinjongo zoHlelo lokuVuselela nokwakha kabusha/i-RDP, lapho kuyogxilwa ezinhlelweni eziphatelene nezokudla, kanye nemisebenzi yezokuhlaza izingubo neminye imikhakha lapho kungadalwa khona isikhala sokuthuthukisa uhlelo lokuthuthukisa abamnyama kwezomnotho /i-BEE.

Somlomo, sivumelana ngokuphelele nesimemezelo esenziwa nguMongameli eNkulumweni yeSizwe yoNyaka kowezi-2011 lapho ethi: *'Sesihambe indlela ende. Sesizuze okuningi, kodwa izinselelo zisamile.'* Lo Mnyango wamuzwa futhi nangesikhathi ethi unyaka wezi-2011 wunyaka wokudala imisebenzi, futhi ukulandela lokho, siholwa yiKhabhinethi yaKwaZulu Natali ngaphansi kobuholi bukaNdunankulu uZweli Mkhize, sinqume ukwenza okulandelayo:

- Ukubeka eceleni isamba esiyizigidi ezingama-R54 ukuqasha abasebenzi abayi-180 njengamaThimba okuNakekela ukwenza ngcono iMphatho ezikhiweni zezempilo kuzo zonke izifunda.
- Ukudala imisebenzi engama-700 kubasebenzi abazobamba iqhaza ekusebenziseni osekulahliwe eziBhedlela naseMitholampilo kanjalo nasekubhekeni amanye amathuba ekusetshenzisweni kabusha kweMfucuzwa yezoKwelapha.

**Sengiphetha Somlomo ngicela ukwethula isabelozimali soMnyango wezeMpilo sonyaka wezimali zowezi-2011/12.**

### **Okuhlinzekwa yisabelozimali**

Kunyaka wezimali wowezi-2011/2012 isabelozimali ze-KZNDOH siyizi-R 24, 484, 855, 000. Lesi sabelo sikhombisa ukwenyuka ngezi-R 2, 368, 207, 000 noma

ngamaphesenti ayi-11 uma kuqhathaniswa nesabelozimali esishintshiwe kowezi-2010/11.

## **Imali**

Umthombo wemali yeVoti 7: Ezempilo zinesibaelo esinemibandela esingaze sifike kwizi-R 4, 434, 669, 000 kanye nokubekwa eceleni imali okungabelwana ngayo eyizi-R 19, 986, 233,000.

Kulindeleke ukutba uMnyango wenyuse izimali zawo zisuke kwizi-R 162, 489, 000 ziye ku-R 227, 798, 000 kowezi-2011/12. Ukunyuswa okubhekiwe kuhlobene nezimali zokuhlala nokudla zabasebenzi abasebenzisa izindawo zokuhlala zoMnyango kanye nezimali ezikhokhwa yiziguli.

### **Uhlelo 1: Ukuphatha – R 344, 171, 000**

Inhloso yalolu hlelo wukuhlinzeka ubuholi obunamasu nobunokweseka kanye nokulawula kanye nokuphatha uMnyango wezeMpilo. Uhlelo luzolwela ukuthola impumelelo kulezi zinto ezimqoka kulesi sikhathi sonyaka wezimali:

- Okumqoka koku- 1: Ukuphuthula uHlelo lokuGuqula iMisebenzi/iSTP
- Okumqoka kwesi-2: Ukuqalisa ukusebenza uHlelo lokuKhawuleza ukwenza ngcono ukulawula izimali kanye

- Okumqoka kwes-3: Ukwenza ngcono ukuPhathwa kweZindaba zaBasebenzi, izinhlelo kanye nezinqubo.
- Okumqoka kwe-4: Ukuqalisa ukusebenza kweSu lokuGuqula uLwazi ngezeMpilo olufaka uBuchwepheshe, ukuLawulwa nokuQapha kanye nokuHlola kweMininingwane.

## **Uhlelo 2: Imisebenzi yezeMpilo kwisifundakantolo R 11, 739, 824, 000**

Inhloso yalolu hlelo wukuhlinzeka imisebenzi kwezempilo egcwele, edidiyelwe kanye nenokuqhubeka (ukukhalima, ukugquguzela, ukwelapha kanye nokuhlenga) eyeyame ekuNakekeleni okuyisisekelo kwezeMpilo/i-PHC ngoHlelo lwezeMpilo kwiSifundakantolo/ i-DHS).

- Okumqoka okoku-1: Ukuvuselelwa koHlelo lwezeMpilo kwisiFundakantolo/iPHC.
- Okumqoka kwesi- 2: Ukuncishiswa ukuba khona kwegciwane lesandulela ngulaza nokulawula izinga
- Okumqoka kwes-3: ukunciphisa ukuba khona kwesifo sofuba kanye nokwenza ngcono imiphumela yaso.
- Okumqoka kwesi-4: Ukunciphisa ukushona ngezifo kanye nokufa kwezinsana okuthintene nemidlezane ngokuqalisa ukusebenza “koHlelo



oluwuChungechunge lwezeMpilo yoMama kanye nezingane olubhekise kowe-2014.”

- Okumqoka kwesi-5: Ukwenza ngcono ukusebenza ngokuncomekayo nezingabunjalo lwemisebenzi yezempilo.

### **Uhlelo 3: Imisebenzi ephuthumayo yezokwelapha R 926, 747, 000**

Inhloso yohlelo lwesi-3 wukuhlinzeka ezithuthu kwabezimo eziphuthumayo, kwezokwelapha, ukusindisa kanye nabezimo ezingaphuthumi (okukhethekile) kanye nemisebenzi yokulawula izigameko eziyinhlekelele eSifundazweni.

### **Uhlelo 4: Imisebenzi yesibhedlela seSifundazwe – R 6, 366, 182, 000**

Lolu hlelo lumiselwe ukuletha Imisebenzi yobuChwepheshe Jikelele yaseSibhedlela okufinyeleleka kuyo, efanele nesebenza ngendlela encomekayo nenempumelelo

- Okumqoka okoku- 1: Ukuncishiswa kwemisebenzi yasesibhedlela
- Okumqoka kwesi-2: Ukwenza ngcono izingabunjalo nokusebenza ngendlela encomekayo kwemisebenzi eKhethekile neyeSifunda esiBhedlela.

### **Uhlelo 5: Imisebenzi yeziBhedlela eziMaphakathi - R 2, 473, 982, 000**

Inhloso yalolu hlelo wukuhlinzeka imisebenzi ngezigaba ezine onyakeni nethe thuthu yezeMpilo

- Okumqoka koku-1: Ukuncishiswa kwemisebenzi yasezibhedlela
- Okumqoka kwesi-2: Ukwenza ngcono izingabunjalo nokusebenza ngendlela encomekayo kwemisebenzi eKhethekile neyeSifunda esiBhedlela.

#### **Uhlelo 6: ISayensi yezeMpilo kanye noQeqesho – R 933, 442, 000**

Ukuhlinzekwa kwamathuba okuqeqesha nawentuthuko kwabangaba abaqashwa eMnyangweni

- Okumqoka koku-1: Ukuhambisana koqeqesho kanye nezidingo zokwenziwa kwemisebenzi.
- Okumqoka kwesi- 2: Ukusungula iSu lokuPhatha uQeqesho
- Okumqoka kwesi-3: Ukuqalisa ukusebenza kweSu lomsebenzi ophakathi nendawo

#### **Uhlelo 7: Imisebenzi yokweseka ukunakekela kwezeMpilo – R 13, 971, 000**

Inhloso yalolu hlelo wukunika imisebenzi emayelana nezamakhemisi eMnyangweni.

- Okumqoka koku-1: Ukwenza ngcono ukuhambisana neziMiso nemithetho yezamaKhemisi

- Okumqoka kwesi-2: Ukwenza ngcono ukutholakala kwemithi.
- Okumqoka kwesi-3: Ukwenza ngcono izingabunjalo lemisebenzi yezamaKhemisi.

#### **Uhlelo 8: Ukulawulwa kweziNdow zezeMpilo – R 1, 686, 536, 000**

Lolu hlelo lugxile ekuhlinzekeni izindawo ezintsha, ukwenza ngcono nokugcina esimweni izindawo zezempilo nokulawula uHlelo lokuVuselela iZibhedlela kanye neSabelo esinemibandela esihambisana nalokho.

- Okumqoka koku-1: Ukuguqula iMisebenzi yezeMpilo eSifundazweni ngokuqalisa ukusebenza koHlelo oluhambisanayo lokuQalisa ukuSebenza kweNgqalasizinda /i IPIP
- Okumqoka kwesi-2: Ukudala isimo sokusebenza eseseka ukwenziwa kwemisebenzi
- Okumqoka kwesi-3: Uhlelo lokuVuselela iziBhedlela
- Okumqoka kwesi-4: Ukwenziwa ngcono kokuphathwa kweSabelo sokuVuselela iziBhedlela, iSikhwama seMisebenzi yoMphenyi/umhloli wokuShona okungaqondakali kanye neSikhwama seNgqalasizinda ezifundazweni.

Uma sisesbenza ndawonye siyozuza okukhulu.